



Izindaba ezikule ncwadi:




1 Iphethi kaMary-Ann 1





2 UJojo uya esikoleni esisha 14


# Isetshenziswa kanjani Incwadi Enkulu:

Njengothisha, kuzodingeka uzilungiselele ukwenza isifundo sokufunda ngokuhlanganyela nekilasi lakho. Ngokujwayelekile, uma kufundwa ngokuhlanganyela wena thisha usebenzisana nekilasi lonke; kanti uma lilikhulu kakhulu kudingeka ulehlukanise amaqembu amancane, noma-ke usebenze nengxenye yalo. Kumele uqiniseke ukuthi abafundi bahlala benze isiyingi bayibone kahle Incwadi Enkulu ukuze bakwazi ukufunda kalula okubhalwe kuyo.

Encwadini Enkulu umfundi ufunda ukubamba incwadi, ukuyimisa kahle, kanye nokuphenya amakhasi ngenkathi kufundwa ngokuhlanganyela. Nendlela okufundwa ngayo umfundi uyaqeqesheka ngayo, kuthuthuke ikhono lokulalela, lokukhuluma, lokufunda imibhalo, lokucabanga nelokubhala, njengoba kubalula iCAPS:

- Ukuthuthukisa ikhono lokulalela nokukhuluma.
- Ukuthuthukisa ikhono lokufunda kwabasaqala.
- Ukuphendula imibuzo emayelana nendaba.
- Ukuzibandakanya ezingxoxweni nalapho kukhulunywa ngokudedelana.
- Ukudweba, ukulingisa indaba.
- Ukusebenzisa izithombe ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani.
- Ukufunda ngokuhlanganyela ukuze kuthuthukiswe ukubhala ngokuhlanganyela.

## Ukulungiselela ukufunda Incwadi Enkulu

- Qiniseka ukuthi bonke abafundi bayayibona incwadi. Uma ikilasi lakho lilikhulu, yakha iqembu elincane usebenze nalo.
- Kuzodingeka wenze uhlaka ozomisa ngalo incwadi ukuze uvike ukuhlala uyibambile ngenkathi kufundwa. (Bheka imiyalelo yokwenza uhlaka lokumisa incwadi ekhaveni ngemuva.)
- Sebenzisa irula ukukhomba nokulandela amagama ngenkathi ufunda.
- Uma ufuna ukugqamisa amagama athile, sebenzisa amabhamuza enkulumo ukokelezele igama ngawo, noma usebenzise esikubiza 'ngephepha elinefasitela'. Ungakwenza lokhu ngokusika iphepha libe ngunxande, bese usika unxande phakathi nalo wakhe ngawo ifasitela, bese leli phepha ulibeka phezu kwamagama ukuze kugqame igama elilodwa ngesikhathi.

## Ukufunda ngokuhlanganyela kokuqala

Ingxenye yokuqala kulesi sifundo ibheka kakhulu ukuthi abafundi bayakujabulela yini ukufunda 'nokubona' umbhalo okokuqala, lapho abafundi kudingeka khona bakhombise ukuzibandakanya ngamunye ngamunye.

- Phenya amakhasi endaba ezofundwa udlulise amehlo. Xoxa ngezithombe zayo.
- Cela abafundi baqagele ukuthi indaba imayelana nani ngokulandela izihlokwana kanye nezithombe.
- Yethula amagama alukhuni namasha ngaphambi kokuthi abafundi bayifunde indaba.
- Yenza amakhadi amagama uwasebenzise ukwethula ulwazimagama.
- Yifunde indaba usebenzisa izimo ezahlukahlukene zobuso uphinde uguquguqule izwi, ubuye ufunde ngokushesha. Sebenzisa izitho zomzimba kanye nezimo zobuso ngokuziguqula njalonjalo.
- Sebenzisa induku noma irula ukukhomba amagama ngenkathi uwafunda ukuze abafundi babone ukuthi ufunda kuphi, bakwazi ukunamathisela umsindo wezinhlamvu ngokufanele ekhasini. Lokhu kuzobasiza ukuthola ukuthi kufundwa kusukwe kwesokunxele kuyiwe kwesokudla, kanti kuqalwa phezulu kuyophunywa phansi.
- Sebenzisa lokhu ukwethula 'ulimi lwencwadi': amagama, imisho, ikhasi, umbhali, isihloko, njll.
- Dedela abafundi bazibandakanye nendaba ngokuthola ithuba lokungenelela (njengokuthi badedelwe bamemeze uma mhlawumbe kuthiwa "Gijima, gijima, gijima kakhulu, ngeke uze ungibambe kodwa mina – ngiyindoda eyisinkwa sezimanga!") uma kukhona lokhu embhalweni ofundwayo.
- Kumele kufundwe indaba efanayo izikhathi ezimbili noma ezintathu ukunikeza abafundi ithuba lokuqonda amagama angaba yidlanzana, ukulingisa izinto ezenzeka endabeni noma ukuphinda baxoxe izingxenye zendaba bazethule ngawabo amazwi.

## Ukufunda ngokuhlanganyela kwesibili

- Lapho sekufundwa okwesibili kudingeka kusetshenziswe umbhalo ofanayo, bese kubhekwa kakhulu ukuzibandakanya kwabafundi ngokuthi uthisha axoxisane nabo ngenhloso yokuthuthukisa ulwazimagama, ukuqonda izakhiwo zamagama (ulimi, ukusetshenziswa kwezimpawu, njll).
- Kukuwe thisha ukuthi ubheke kakhulu izinto ezifana: nokuma kwemibhalo, ukwakheka kwemibhalo, imisindo, ulimi, ukubona amagama athile kanye namazinga ahlukahlukene okuqonda imibhalo (ukuhleleka, ukuthi amagama aqondeni, ukuwacwaninga kanye nokubuza imibuzo ekhombisa ukulangazelela).

## Ukufunda ngokuhlanganyela kwesithathu

- Uma sekufundwa okwesithathu, abafundi kumele bazifundele bona uqobo, baxoxe baphinde babhale imisebenzi yokwenziwa ngombhalo abawufundile.
- Uma kuvuma, Ukufunda Ngokuhlanganyela kumele kubambe iqhaza ekwenzeni ngcono Ukubhala Ngokuhlanganyela, lapho uthisha ekhombisa khona ukuthi kubhalwa kanjani, abafundi babhale ngokwabo nabo ngenkathi uthisha elokhu ebahlola enza namanothi. Lokhu kukhulisa abafundi uma kufika isikhathi sokuzenzela ngokwabo imisebenzi ebhalwayo.

# 1 Iphethi kaMary-Ann



Inyanga yayikhanya bha. Kwakungemva nje kwamabili ngoLwesihlanu, uMary-Ann elokhu ebhekile esembhedeni wakhe. Wayecabanga ngomdlwane ayezowuthenga lapho sebehambisana noNomsa ukuya emphemeni wezilwane ngakusasa ekuseni.

UMary-Ann nguyena kuphela intombazana eyayingenaphethi eklasini labo ngoba abakubo babelokhu bahlala efulethini. Lapho umndeni wakubo usuthuthela endlini ezimele, uMary-Ann waqala ukonga imali yephakethe ukuze athenge umdlwane.

Wayesenama-R25 ayezokhokhela ngawo umdlwane. Kwaze kwasa, uMary-Ann wagxuma wasuka embhedeni wakhe. Wageza, wagqoka wayeselinda umngani wakhe uNomsa ngexhala. UNomsa wayezomvakashela.

Wayethembise ukuthi uzofika bahambe noMary-Ann baye emphemeni wezilwane basizane ekukhetheni iphethi leyo.


Amantombazana amabili angena esitolo sezilwane ezimisele. Ajabule, ayahleka, ayaxoxa njengoba ehambisana nje.

UMary-Ann wayesekhathele, wahlala phezu kwenqwaba yokudla kwezinja ukuze aphumule. Wabona imidlwane eyisithupha ilele zwi kubhasikidi. Amantombazana afola aphulula imidlwane kancane nje engasazi ukuthi azokhetha muphi.



"Nifuna umdlwane?" kubuza umenenja.

"Yebo, kuzoba yiphethi yami yokuqala," kusho yena ngokujabula okukhulu.



"Hhayi-ke, ake nginitshele okuthile ngemidlwane," kusho umenenja.

"Imidlwane efakwe amabhande asentanyeni anemibala ebomvu, neluhlaza satshani, nephuzi isithengiwe. Kusho ukuthi seningakhetha emidlwaneni emibili kuphela.

Nizokhetha phakathi komdlwane onebhande eliphinki noneliluhlaza sasibhakabhaka.

"Hawu," kusho uMary-Ann. "Unjani-ke umdlwane onebhande

elibukhwebezana? Usuthengiwe?"

"Oh, lowo mdlwane!" kuphendula umenenja. "Angeke nikwazi ukuwuthenga lowo" kusho umanenja.

"Unomlenze olimele, ngakho ngeke awukwazi ukugijima nokudlala ngebhola."

Amehlo kaMary-Ann ayelokhu ehlola izilwane ezisemakhejini. Wabheka izinja ezinoboya obumhlophe, ezincane ezinsundu, ezinkulu, ezinomusa, eziphuzi, wabona namakati nabantwana bawo.

UMary-Ann waphulula umdlwane owawunebhande elibukhwebezana.

Umdlwane waphakamisa amadlebe watshikizisa umsila, wagqolozela uMary-Ann ngamehlo ansundu ancengayo.

UMary-Ann waqalaza ebheka ezinye izilwane esitolo lesi. Wabheka imidlwane eyisithupha eyayilele kubhasikidi. Emva kwalokho wakhothama waphakamisa umdlwane onebhande elibukhwebezana wawubamba wawuqinisa esewugone esifubeni sakhe.

Wawuphulula kancane, wayesephendukela kumenenja.

"Akunandaba noma ungangakwazi ukudlala ibhola noma ugijime," kusho yena.

Wadonsa umlenze webhulukwe lakhe waveza umlenze ukukhombisa umenenja izinsimbi ayezifakwe ngabezempilo.

"Ngazalwa nginomlenze okhubazekile," kusho yena. "Angikwazi ukugijima kahle, angikwazi futhi ukudlala ibhola. Kodwa nginomndeni nabangani abaningi abangithandayo, kubaluleke kabi lokho kimi."

Wabheka uNomsa wabuza wathi, "Uthini wena Nomsa?"

Wanqekuzisa ikhanda uNomsa evuma, ngalesosikhathi wayephulula umdlwane omncane onebhande elibukhwebezana emqaleni.



"Ngiyacela M'am, ngingawukhokhela lo mdlwane?" kubuza uMary-Ann. "Ngifuna ukuthenga wona impela onebhande elibukhwebezana. Yiwona mdlwane engiwufunayo."

"Uzoba nekhaya elinakekelayo wena mdlwane omncane," kuhleba yena enikeza umenenja ama-R25.



Lapho uNomsa noMary-Ann sebephuma esitolo, umdlwane waqala ukutshikizisa umsila ngamandla.

Amantombazana amabili ahamba kancane emgwaqweni ephethe umdlwane onebhande elibukhwebezana.

Wawungawezwa exoxa ngenjabulo esephikelele ekhaya nomngani omusha.




# 2 UJojo uya esikoleni esisha



UJojo wayehlukumezeka esikoleni.
"Ngizeleni kulesi sikole kodwa?" kusho yena ehlala phansi efihla ubuso gezandla.

"Laba bantwana balapha baluhlaza!"



Ngonyaka odlule uJojo kudingeke ayohlala noyise eGoli. Washiya unina nodadewabo emuva eLimpopo.

Washiya isikole sakhe sendawo kanye nabo bonke abangani bakhe esikoleni. Manje usehlala eGoli, ufunda esikoleni esikhulu esinabantwana abasondela e-1000.

Ngenye intambama abantwana baya enkundleni yemidlalo. UJojo wama wababuka, wafisa ukuhamba nabo. Akakwazanga kodwa. Wayeseya ekhaya.

Wahamba ngendlela ayevame ukuhamba ngayo edlula ebhulohweni, idlule esitolo sezinto zezemidlalo, adlule eWimpy bese enqamula enkundleni.

Kwathi uma ewela ibhuloho, wavinjwa yiqoqo labafana elinendluzula.

Oyedwa walaba bafana abanendluzula wabamba isikhwama sakhe. Baqala ukunqakisana ngaso.



UBruce owayemkhulu kunabo bonke esikoleni, washaya izibuko zikaJojo, zawa. Wayesezicosha wabaleka nazo, wavele wazijikijela emgwaqweni uBruce.

Wafola uJojo wazicosha. Yinhlanhla. Wayecabanga ukuthi ziphukile, kanti cha.

Ngenhlanhla zaziwele ekhadibhodini elavimba ukuthi zephuke ngoba lithambile.

UJojo wathatha isikhwama sakhe nezibuko. Wayesecosha nebhokisi lakhe. Wezwa ukuthi liyasinda. walixukuza. Kwakukhona okuthile phakathi. Walixukuza futhi. Walibhekisa phansi ukuzama ukuthola ukuthi ngelikabani. Walivula kahle nje, wamangala ukuthola isicathulo sebhola lezinyawo sonyawo lwesokunxele.

Waqalaza ebheka okufanele ukuthi uziwisile. Wazama ukusigqoka lesi esisodwa isicathulo. Samlingana kahle. "Akusizi ngalutho lokhu," kucabanga yena. "Sinye kuphela lesi sicathulo."



Ngaleso sikhathi, kwafika umninisitolo wamjikijelela esinye isicathulo.

"Asinakuzithengisa lezi zicathulo," kusho umnini sitolo. Sizisebenzisela abathengi ukuthi balinganise ngazo," kusho yena.

UJojo wasicosha isicathulo. Kwakungesakwesokudla. "Ziyangilingana!" kusho uJojo ngokuthakasa, esho ezifasa.



"Zithathe-ke!" kusho umnininisitolo.

"Kuzofika ezintsha kusasa, kanti ngehora lesithathu namuhla kuzofika uBig Ben umpetha webhola lezinyawo esikoleni iBears esise-England. Uzokhangisa. Ngifuna ukukhuculula isitolo."

Ngaleso sikhathi, wafika uBig Ben.

"Sawubona mfanyana!" kusho uBig Ben. "Ngizobe ngiqeqesha iqembu labafana esikoleni esikhona lapha eduzane. Uzoba khona?"

"Ngeke ngibe khona, Mnumzane," kusho uJojo. "Angilidlali kahle ibhola lezinyawo."

"Hhayi suka, ungubani igama?" kubuza uBig Ben.

"Hhayi bo, Jojo, uzokwazi!" Wayengakazi nokuthi uzothini uJojo, uBig Ben wayesehamba naye beqa ibhuloho bawelela enkundleni yezemidlalo lapho bafica khona umqeqeshi.

"Wenzani khona lapha?" kubuza umqeqeshi, ebheka uJojo.


Kwaphendula uBig Ben, "UJojo ufike nami. Uzodlalela mina. Woza, Jojo, ngifuna udlale sengathi ungumpetha."


UJojo wagijima enkundleni ejikajika nebhola. Kwaba sengathi izicathulo zakhe sezizidlalela zona manje ibhola.

Wagijima nalo elikhahlela kwachwaza izibukeli, zathi, "Jojo! Jojo!"

UJojo walishaya igoli. Washaya elinye futhi.

UBig Ben wabeka ingalo yakhe emahlombe kaJojo wathi, "Waze wadlala kahle, mfanyana."





UBruce
nabafana
abayiziqhwaga nabo
babuka. Abazange bakukholwe
ababekubona.

"Jojo," kusho uBig Ben, "akudingeki uze ube ngumuntu odumile, kumele ukuthi uzibone wena kuphela ukuthi ucabangani ngawe uqobo," kusho yena.

Kwamangala umqeqeshi.

"Wadlala kahle, Jojo. Uzolidlalela iqembu lethu?" kubuza yena.

"Ngingajabula, Mqeqeshi," kusho uJojo. "Anginankinga."

"Kumele nginamathele ekuthini ngizibona kanjani mina uqobo," kunyenyeza yena.



Siyakwamukela kulolu chungechunge lweZincwadi Ezinkulu. Incwadi Enkulu lena ingxenye yezincwadi ezisohlwini olubizwa ngeRainbow Series, okukhona kuyo izincwadi zokusebenzela, isilulu sezindaba nezinkondlo, amaphosta kanye nezincwadi ezihlelwe ngamazinga ehlukahlukene. Sethemba ukuthi uzozithola zilusizo izindaba ezahlukahlukene ochungechungeni lwalezi Zincwadi Ezinkulu eziyisishiyagalombili ezibekelwe leli banga. Kulindeleke ukuthi abafundi bakho bakuthokozele ukufunda ngokuhlanganyela. I-CAPS, Emabangeni Aphansi iphawula ukuthi kubalulekile Ukufunda Ngokuhlanganyela ekufundiseni ukufundwa kwemibhalo. Ukufunda Ngokuhlanganyela kuvame ukuthatha izinsuku ezimbili kuya kwezine esontweni ngalinye lapho umfundi ngamunye efunda khona umbhalo ofanayo. Izincwadi zokusebenzela, ndawonye nezincwadi ezihlelwe ngokwamazinga, kulungiselwe ukufezekisa yona le ngxenye yokufunda.

Nokho-ke, ukusebenzisa Incwadi Enkulu enamagama amakhulu lapho fundwa ngokuhlanganyela, kuyindlela enhle kakhulu ngoba abafundi bakwazi ukubona amagama nezithombe, bakulandele ngenkathi ufunda, lokhu kwenzeke ngendlela efanayo nangenkathi izindaba zisaxoxwa. Kubalulekile ukuthi abafundi bahlale bakhe isiyingi bakokelezele Incwadi Enkulu, ukuze bawubone futhi bawufunde kahle umbhalo wayo. Amagama amakhulu akule ncwadi asiza ukuthi kufundeke kalula ngokuphumisela ukuze kuzwe abafundi abaningi ngesikhathi esisodwa esimeni esikhululekile nesejwayelekile.

Izincwadi ezinkulu kulolu chungechunge zethula kubafundi izindaba ezahlukahlukene, izinkondlo, imilolozelo kanye nemidlalo okuhambisana nolwazi kanye nemibhalo enezithombe.

Umsebenzi wakho njengothisha ukwenza izindaba ziphile ngenkathi ufundela abafundi, zijabulise, zibe nogqozi. Ukusebenzisa Izincwadi Ezinkulu kwenza ukufunda kuthokozelwe nguwe kanye nabafundi ngokufanayo. Sethemba ukuthi le ncwadi izokusiza kulokhu.



## Zenzele olwakho uhlaka lokumisa Incwadi Enkulu




### Nakhu ozokudinga:

1. Ikhadibhodi elinobubanzi obulingana nobeNcwadi Enkulu (594 mm) kanye nobude obuphindwe kathathu (1360 mm).
2. Itheyiphu yokunamathisela
3. Amaphegi amabili okunamathisela ikhadibhodi.

Sebenzisa itheyiphu yokunamathisela ukuhlanganisa izingcezu zekhadibhodi.

Goqa ikhadibhodi ulenze uhlaka bese ubamba iphansi lalo nengaphambili ukuhlanganise njengoba kukhonjiswe emdwebeni.











## Eminye imibono ngokufunda Incwadi Enkulu

- Sebenzisa ipulastiki ukwemboza Incwadi Enkulu. Kuyamsiza umfundi kanye nothisha lokhu ukuba abhale kukho.
- Bhala ngepeni elisuleka ngamanzi kulesi sembozo sepulastiki.
- Sebenzisa iphegi ukunamathisela ipulastiki encwadini enkulu.


ISBN 978-1-4315-2988-9
9 781431 529889


Rainbow WORKBOOKS


ISBN 978-1-4315-2988-9


**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**




basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA


Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa



© Department of Basic Education


First edition 2016



The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.



The Big Books in this series are available in all languages. They were developed by a team of UNISA Language and Education experts as part of their Community Engagement contribution to South Africa's education sector.



**Author: V McKay**